basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**2022**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-14.**

*Akuvumelekile ukukopisha leli phepha*

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-50 |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO A (OFUNDWAYO)

**UMLANDO WENKOSI UZWELITHINI GOODWILL KABHEKUZULU**

1 Inkosi uZwelithini Goodwill kaBhekuzulu wazalwa mhla zingu-27 July 1948 endaweni yakwaNongoma. Wabe ezalwa inkosi uCyprian Bhekuzulu kaSolomon noThomozile Jezangani kaNdwandwe. Wakhulela esigodlweni sikayise Kwakhethomthandayo lapho afundiswa khona ngomlando kanye namasiko aKwaZulu. Uyise wakhothama ngonyaka we-1968. Ngaleso sikhathi inkosi uZwelithini yabe isencane ukuba ingathatha isihlalo sobukhosi/ingaba yinkosi. UMntwana uMcwayizeni ongumfowabo kababa wenkosi uZwelithini waba ibambabukhosi (Regent). Inkosi uZwelithini wahanjiswa eSwazini ukuyohlala khona ukuze ahlale ephephile kuze kufike isikhathi sokuthi usengathatha isikhundla sikayise.

2 UMntwana uMcwayizeni waba yibamba kusukela ngonyaka we-1968 kuya kowe-1971. Mhla zi-3 Disemba 1971, inkosi uZwelithini wabekwa ukuba abe yinkosi yamaZulu. Wayeneminyaka enga-23 ubudala futhi waba yinkosi yesi-8 ukubekwa embusweni waKwaZulu. Kusukela lapho wabizwa ngokuthi iSilo Samabandla Onke. Umcimbi wokubekwa kwakhe wawenzelwe eHlalankosi kwaNongoma esigodlweni saKwakhethomthandayo. Kwakunezethameli ezilinganiselwa kweziyi-20 000. Abantu baKwaZulu base bebheke ngabomvu ukuthi uNgangezwe lakhe, uMdlokombana athathe isihlalo sobukhosi. Lo mcimbi wawuhanjelwe amakhosi kanye nabaphathi bamazwe ahlukene aqhamuka kwezinye izizwe nezindawo.

3 Isilo sagcagcelwa/sashadelwa oNdlunkulu abayisithupha. UNdlunkulu wokuqala nguSibongile (uMaDlamini) agcagca naye ngonyaka we-1969. Bathola abantwana abayisi-5. Ngonyaka we-1974, isilo saphinda sagcagcelwa uNdlunkulu wesibili uBuhle (uKaMathe), bathola abantwana abayisi-8. UNdlunkulu wesithathu kwabe kuyindondakazi yeNkosi uSobhuza wesibili waseSwazini, uMantfombi (uMaDlamini) agcagca naye ngonyaka we-1977. Bathola abantwana abayisi-8. Kwalandela uNdlunkulu uThandi (uMaNdlovu) ngonyaka we-1988, bathola abantwana ababili. Kwalandela uNdlunkulu wesihlanu kwaba uNompumelelo (uMaMchiza) ngonyaka we-1992. Bathola abantwana abathathu. UNdlunkulu wesithupha naye uqhamuka eSwazini, lowo uZola (uKaMafu) yena onomntwana oyedwa. ISilo sinezigodlo eziyisi-6 ezihlukene lapho uNdlunkulu ngamunye ehlala khona.

4 ISilo sasigqugquzela ukuba kugcinwe amagugu esizwe. Savuselela imikhosi ebalulekile njengomkhosi wokweshwama, womhlanga, nowomthayi. Le mikhosi ibiyenzelwa kwezinye zezigodlo zeSilo ukuqiniseka ukuthi konke kuhamba ngendlela nangomthetho. Ngaphandle kothando lokugcinwa kwamagugu, iNkosi yaphinde yabamba iqhaza kwezempilo esiFundazweni saKwaZulu-Natali, sasiphuma singena sikhankasela ukusokwa kwabesilisa. Kulo mkhankaso sasisebenzisana nabaphathi bezempilo ukulwisana nokubhebhetheka kwegciwane lesandulela ngculazi (HIV/Aids) kanye nesifo sofuba (TB). Elinye lamazinyane eSilo njengoba abantwana baso bebizwa kanjalo, uMntwana uNhlanganiso, waba yinxusa elaliqwashisa abantu ngesifo sofuba. ISilo asigcinanga lapho kodwa sathuthukisa nomculo wesiNtu ofana nesicathamiya, umaskandi, umbhaqanga kanye nowamakwaya. Phela sabe siligagu elikhulu.

5 Ngonyaka we-2021 kwaba nemibiko engemihle yokuthi iSilo **siyadunguzela**, singeniswe esibhedlela iNkosi Albert Luthuli. Lokhu akwehlenga kahle esizweni samaZulu. Mhla zi-12 Mashi 202, iSilo **sakhothama**. Emva kokuzwakala kwalezi zindaba ezibuhlungu kwaba nesililo esizweni sonke samaZulu nasemhlabeni wonke jikelele. Lokhu kwakhombisa ukuthi iSilo **besingaconsi phansi** kubantu baso. Lezi zindaba zamenyezelwa ngokusemthethweni uNdunankulu uMntwana uMangosuthu Buthelezi futhi ophinde abe ngumzala waso iSilo. Kusukela ngaleso sikhathi abantu babengena bededelana esigodlweni Kwakhethomthandayo **ukuzobhonga emswaneni**.

6 Aqala ukwenziwa amalungiselelo okutshalwa kweSilo. ISilo satshalwa ngomhla we-18 Mashi 2021 **phakathi kwamabili/ kwesikabhadakazi** ukuze **idlinza** laso lingaziwa muntu. Ukutshalwa kwaso kwabe kuyimfihlo futhi kuya abesilisa kuphela. Kulaba besilisa kwakukhona amabutho okuyiwo ayehamba phambili ehuba amahubo esizwe. Ngosuku olulandela ukutshalwa kwenkosi kwenziwa inkonzo yesikhumbuzo eyabe yethanyelwe abantu abavela emazweni anganeno nangaphesheya kwezilwandle. Phakathi kwezethameli eziqavile zale nkonzo kwabe kukhona uMnu. Cyril Ramaphosa, uMnu. Jacob Zuma, iNdlovukazi yasebukhosini baseMonaco uCharlene nabanye oNdunankulu kanye nezikhulu zezindawo ezihlukene.

7 ISilo, uNgangezwe lakhe, uMdlokombane, uyibekile induku ebandla ngokuhola isizwe sikaPhunga noMageba. Kuwona wonke amakhosi aKwaZulu abusa ngaphambi kwaso iSilo, yisona esibuse iminyaka eminingi kunamanye amakhosi. Sikhothame sineminyaka engama-73.

Bayede! Wena weNdlovu!

[Umbhalo osuselwe ocwaningweni wase uyahunyushwa]

1.1.1 Ngubani igama lenkosi eyabusa ngaphambi kweSilo Samabandla Onke? (1)

1.1.2 Bhala isizathu ESISODWA esenza ukuthi iSilo singathathi ubukhosi emva kokukhothama kukayise. (1)

1.1.3 Kwenziwani ukuqinisekisa ukuthi iSilo siphephile ngaphambi kokuthatha ubukhosi? (1)

1.1.4 Wawenzelwe kuphi nendawo umcimbi wokubekwa kweSilo Samabandla Onke? (1)

1.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza isikhathi esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

ISilo satshalwa **phakathi kwamabili/kwesikabhadakazi** endaweni eyimfihlo.

A Ebusuku kakhulu.
B Ekuseni kakhulu.
C Emini bebade.
D Ntambama kakhulu. (1)

1.1.6 Tomula umusho ophelele osendabeni ositshela ukuthi abantu basebejahe kakhulu ukubona iNkosi uZwelithini ithatha ubukhosi. (2)

1.1.7 Iyiphi indima edlalwe nguMntwana uNhlanganiso kwezoMnyango wezeMpilo? (2)

1.1.8 Zibizwa ngokuthini izingane ezizalwa yinkosi? (1)

1.1.9 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwakwenziwa yiSilo ukuthuthukisa amagugu aKwaZulu. (2)

1.1.10 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni.

(a) Kwakhombisa ukuthi iSilo **besingaconsi phansi** kubantu baso. (2)

(b) **Ukuzobhonga emswaneni** ngokukhothama kweNkosi yabo. (2)

1.1.11 Qondanisa amagama okuhlonipha akuKHOLOMU A nalawo ajwayelekile akuKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| (i) Ukudunguzela | A Ukungcwatshwa |
| (ii) Ukukhothama | B Ithuna |
| (iii) Ukutshalwa | C Ukugula |
| (iv) Idlinza | D Ukushona |

(4 x 1) (4)

1.1.12 Kungaba namuphi umphumela esizweni ukwesekwa kwezomculo nezemidlalo yiSilo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.1.13 Ngokucabanga kwakho kungani izingane zenkosi ezingamantombazane zingasithathi isihlalo sobukhosi uma uyise engasekho? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)


1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

**ISITHOMBE SOKU-1**




**ISITHOMBE SESI-2**



[Isithombe sicashunwe encwadini yesiZulu sase siyalungiswa]

1.2.1 Kwenzekeni emotweni kaSbu kulesi sithombe soku-1? (1)

1.2.2 Lusho ukuthini uphawu lwesandla sikaSbu esithombeni soku-1? (1)

1.2.3 Isetshenziselwa ukwenzani imoto esesithombeni sesi-2? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.2.4 Yini engenzeka emotweni kaSbu njengoba eyishiya yodwa emgwaqweni? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngokumele ukuqaphele uma uhlela umcimbi womuntu engalindele.

### IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UMBHALO C (OFUNDWAYO)

**IZINTO OKUMELE UZIQAPHELE UMA UHLELA UMCIMBI WOMUNTU ENGALINDELE ('SURPRISE PARTY')**

'Surprise!' Lawa amazwi abantu abawasho uma benzela umuntu umcimbi obekade engawulindele. Kunezinhlobo eziningi zemicimbi abantu abayigubhayo. Abanye bayazihlelela kanti kuyenzeka abanye benzelwe yilabo abasondelene kakhulu nabo. Umcimbi owenzela umuntu engalindele ufuna uqaphelisise kokwenzayo ukuze ube yimpumelelo.

Ukungazani kahle nomuntu enimenzela umcimbi kungenza izinto zingahambi ngendlela ohlele ngayo. Kubalulekile ukuba nobudlelwane obukhulu nomnikazi womcimbi. Lokho kungavimba ukuthi ningenzi izinto angazithandi bese konakala usuku.

Imicimbi iba yimpumelelo ngoba kukhona abantu abamenyiwe. Wonke umuntu unabo abantu azwana nabo njengabangani nezihlobo. Akumenywe abantu asondelene nabo futhi abathandayo. Lokho kwenzelwa ukuthi kungagcini sekufika abantu angabazi lowo owenzelwa umcimbi.

Imicimbi eminingi ivame ukwenzelwa emakhaya okungenza kube nzima ukufihlela umuntu enimenzelayo. Kumele nihlele indawo engaphandle kwasekhaya ukuze angasoli lutho owenzelwayo. Lokho kungamenza ajabule, awukhumbule njalo lowo mcimbi.

Umcimbi owenzelwa umuntu engalindele unezindleko, udinga abawenzayo kube yibo abawukhokhelayo. Kufanele kuhlelwe zonke izindleko bese kubalwa ukuthi umuntu ngamunye uzofaka malini. Lokhu kuzokwenza ukuthi umcimbi ube yimpumelelo.

Imicimbi eminingi eyenzelwa abantu bengalindele ihlale ihamba namakhekhe amahle. Ikhekhe enilithengayo kumele lihambisane nohlobo lomcimbi kanye nesitayela somuntu owenzelwayo. Injabulo ingaba nkulu uma lo muntu eselibona. Amalungiselelo uma edinga umbala noma isitayela esithile makube esihambisana nomangazwayo. Imibala efanayo yosuku yenza nezithombe zomcimbi zibe zinhle.

Umuntu ohlulekayo ukugcina imfihlo kufanele adonswe ngendlebe ukuthi angatsheli muntu kuze kufike usuku. Kugcizelelwe ukuthi uma ephahlukile, uyobe esewone wonke lo mcimbi. Kufanele kube nendlela ethile yokukhuluma uma ekhona umnikazi womcimbi ukuze angasoli lutho.

Kunzima ukuhlela umcimbi womuntu engalindele kodwa uyenzeka uma nibambisene.

[Umbhalo osuselwa ocwaningweni lwezempilo]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

# Fund'ubheke Loft

**Indawo yabafundi ephephe kunazo zonke.**

Ufuna indawo yokuhlala eseduze nesikhungo semfundo ephakeme?

Phuthuma, **immbila yeswela umsila ngokuyalezela!**

Zizwe sengathi usekhaya eFund'ubheke Loft.



Sikuqinisekisa ngalokhu kule ndawo yabafundi:

- Onogada abagcina ezokuphepha kwabafundi
- Amakamelo okulala anamakhompyutha ne-Wi-fi
- Amakhishi anakho konke ongakudinga
- Izindawo zokuzivocavova

Sayina inkontileka yezinyanga eziyi-11, ukhokhe izi-R3 000 ngenyanga

**noma**

Uma ukhokhele unyaka wonke uthola isaphulelo sika-30%

Sitholakala ku: 101 University Avenue, Pretoria

uni101@telkom.co.za 012 354 4444

Imithetho nemibandela:
Ukhokha idiphozithi ukuthola ukhiye.
Fika nesiqiniseko sokwamukelwa esikhungweni semfundo.

[Izithombe zicashunwe ku-googlepictures.com umbhalo wokuziqambela]

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

3.1 Sibhekiswe kobani lesi sikhangiso? (1)

3.2 Bhala OKUBILI okuqinisekisiwe kubafundi ngale ndawo. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Phuthuma **immbila yeswela umsila ngokuyalezela!**

A Funda ukwenza izinto ngokushesha.
B Funda ukucabanga ngaphambi kokwenza.
C Funda ukwenza izinto ngobunono.
D Funda ukuzenzela izinto ungathumeli. (1)

3.4 Tomula ulimi olukhohlisayo olutholakala kulesi sikhangiso esingenhla. (2)

3.5 Guqula lo musho olandelayo ube inkathi edlule.

UZandi ufuna indawo yokuhlala eseduze nesikhungo semfundo. (1)

3.6 Bhala ongumnini esikhundleni segama elikubakaki.


Isihloko (isikhangiso) yi-Fund'ubheke Loft. (1)

3.7 Ngokucabanga kwakho ukusetshenziswa kwefonti ehlukile kunamphumela muni esikhangisweni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
**[10]**

## UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




[Ikhathuni icashunwe ephephandabeni, umbhalo owokuziqambela]

4.1 Yini eyenza umalume avuke ekuseni kakhulu ngezinye izinsuku? (1)

4.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ezichaza igama elithi: **'edladleni'**.

A enkantolo
B esikoleni
C ekhaya
D ehlathini (1)

4.3 Tomula isandiso kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emushweni ozakhele wona.

Ngivelelwa yini kodwa ngisaziphumulele kamnandi? (2)

4.4 Bhala OKUBILI okukhombisa ukuthi umshana akamhloniphi u-Ankeli. (2)

4.5 Yini inhloso yokuphindaphinda kwala magama abhalwe ngokugqamile enkulumweni yomshana? (2)

4.6 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abantu abafunde baqeda umatikuletsheni abawuhluphekeli umsebenzi? (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

Ngubani ozosiza kule nkinga? Abantwana abasaziphethe kahle esikhathini samanje. Umzali **ufunda** umntwana wakhe indlela yokuziphatha noma engasekho phambi kwakhe. Phela kusemnyama kwabanye abantwana. Nabo abantwana kumele bazi ukuthi indlela ibuzwa kwabaphambil**i**. Abanye abantwana bathi bangaphuma emakhaya bavele baziphathise okwezilwane ezihlala endaweni enezihlahla ezicinene. AboMnyango wezeMpilo bakhale kakhulu ngezingane zamantombazane ezikhulelwa zisencane ngenxa yokudlala obaba abadala beziheha ngemali. Lokhu kuphinde kwagcizelelwa uthisha uSotobe ngesikhathi kunomhlangano wabazali esikoleni. Uvumelane nokuthi abazali ababe ne**sibindi** sokuqondisa izingane zabo endleleni ukuze kuliwe nale mpicabadala. Abafana nabo abangashiywa ngaphandle ngoba kunesikhalo sokuthi bayayekelelwa benze abakuthandayo. Abazali banaka kakhulu amantombazane uma ebuya ebusuku.

[Ucashunwe kwiSolezwe wase uhunyushwa]

5.1.1 Phinda ubhale lo musho olandelayo ube sebunyeni.

Abantwana abasaziphethe kahle. (1)

5.1.2 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo libe ubulili besifazane.

Lokhu kuphinde kwagcizelelwa **uthisha** uSotobe. (1)

5.1.3 Gcwalisa isikhala ngebizoqoqa elikubakaki.

| umhlambi; amawele; ihlathi; abafana |
|---|

(a) Indawo enezihlahla ezicinene kuthiwa … (1)

(b) Izinduku ezikhishwa uma izulu liduma kuthiwa … (1)

5.1.4 Khetha izingcezu zenkulumo ezifanele ezakhe leli gama elilandelayo:

'impicabadala'

A isenzo + ibizo
B isenzo + ongumnini
C isenzo + isiphawulo
D isenzo + isenzo (1)

5.1.5 Bhala lo musho olandelayo ukhombise ukuphika/ukulandula.

AboMnyango wezeMpilo bakhale kakhulu ngezingane zamantombazane. (1)

5.1.6 Bhala isenzukuthi esihambisana negama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Phela **kusemnyama** kwabanye abantwana. (1)

5.1.7 Guqula isenzo esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo sibe yimpambosi yokwenzisa ukuze umusho uzwakale kahle.

Umzali **ufunda** umntwana wakhe. (1)

5.1.8 Bhala uhlobo lwesifenqo oluqukethwe yilo musho olandelayo.

Abantwana baziphathisa okwezilwane. (2)

5.1.9 Sebenzisa igama **isibindi** emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ohlukile kunalo osesiqeshini. (2)

5.1.10 Guqula lo musho oyinkulumo-ngqo ube yinkulumo-mbiko.

AboMnyango wezeMpilo bathi, 'Izingane zethu zamantombazane zikhulelwa zisencane ngenxa yokudlala obaba abadala'. (2)

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Isithombe sicashunwe ku-www.googlepictures.com]

5.2.1 Hlobo luni lombuzo lolu olutholakala enkulumweni kaSifiso?

Kanti uthando lunjani? (1)

5.2.2 Tomula igama elisetshenziswe uThembi enkulumweni yakhe elichaza/elihambisana nendlela aziphatha ngayo uSifiso esithombeni. (1)

5.2.3 Bhala lo musho olandelayo ulungise amaphutha.

Ngiyeke! buka amaaphula kamama achithekile manje. (2)

5.2.4 Bhala igama ngolimi olujwayelekile esikhundleni segama elibhalwe ngokugqamile bese wakha ngalo umusho.

Usho ukuthi namanje awukaboni ukuthi **ngiyakuncanywa.** (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**